USol. Narnia Bohler Muller
Isikhulu Esiphezulu Sophiko

Uphiko lwe-Developmental, Capable and Ethical State

IZINDLELA ZOKUNGENELELA ZOCWANINGO LWE-DCES
zihlose ukuphendula:

- Ingaqiniswa kanjani intando yabantu ngokulawula okusobala, ubuholi obuphendula ngokuthile nokubamba iqhaza komphakathi okunomfutho omusha/ukubandakanyeka komphakathi; nokuthi
- Kungaqinisekiswa kanjani ukuthuthuka okuqhubekayo ngokuthula, ngabantu nokuvikeleka komphakathi.

Uphiko lwe-Developmental, Capable and Ethical State (DSES) olunye lwezimpiko ezintathu zocwaningo lwe-Human Sciences Research Council (HSRC). Lusebenzela iNingizimu Afrika iminyaka engaphezu kwengama-50, i-HSRC yisikhungo esikhulukazi socwaningo e-Afrika esigxile kwezesayensi ephathelene nomphakathi nabantu. Lukhiqiza futhi lusabalalise ulwazi olunegalelo kwinqubomgomo nezinhlelo ekunciphiseni ububha, izixazululo ekunciphiseni isikhala esidalwa ukungalingani nokuqhamuka nokusha ekudaleni amathuba omsebenzi. Lungaphezu kokuba umdali wocwaningo nje, izimpiko ze-HSRC nezikhungo zisebenzela ekusetshenziselweni kocwaningo inqubomgomo nomthelela. Ukusebenzisana nokubambisana kubaluleke kakhulu kwinhlosongqangi kanti kufaka izinhlangano zasezweni, zasesifundeni, nezomphakathi wamazwe omhlaba, ezizimele nezomphakathi.

Uhlelo i-Agenda 2063 ye-African Union, ibheka ukwakha ukuthula, ukuvikeleka nokuhlanganisa ezwenikazi, kanye nohlelo i-Sustainable Deleopment Goals noHlelo Lwentuthuko lwaseNingizimu Afrika okukhuthaza uphiko i-Development, Capable and Ethical State (DCES). Uncwaningo lophiko, ukuqalisa ukusebenza nokugqugquzela ukweseka kusebenza ukwakha umbuso okwazi ukwenza, ozibophezele nophendulayo, osebenzisa inkambo yokulungileyo nothuthukayo, nokuqinisa ukuxhumana nokuzwana komphakathi, nokwakha imiphakathi efaka wonke uwonke nephikelelayo.

Umsebenzi wethu

Ulwazi olutholakale emsebenzini we-DCES lufaka isandla ekwakheni ukuthula okuqhubekayo okukhulu bese kuqinisa intando yabantu lapho bebamba khona iqhaza, okuvumela ukuphendula ngokuthile okungcono nobusakhamuzi lapho abantu bewumnyombo wokubusa, namalungelo aphathelene nomphakathi nezomnotho nawendawo yokuhlala ayaqhakanjiswa futhi ayavikelwa.

Wonke umuntu ohlala eNingizimu Afrika untintwa yimithetho nezinqubomgomo kukahulumeni. Ukwenzela intando yabantu eyimpumelelo, kufanele wonke umuntu abambe iqhaza, ikakhulukazi ngokuthi kuzwakale amazwi abo okhethweni. Kuze kufike ezingeni elithile, uhlelo lwethu lokubamba iqhaza luwile ngoba, ikakhulukazi ezingeni likahulumeni wasekhaya, inqubo isifakwe kakhulu ezepolitiki ukuze njalo iqembu elilodwa liba ngaphezu kwamanye ezindaweni zokuvota, okuholela ekungakhululekini kwizakhamuzi ekubambeni iqhaza ekuthatheni izinqumo njengengxenye yomthethosisekelo wezwe. Indlela entsha yokuzwa lawo mazwi kufanele kubhekwe, kusetshenziswe izindlela ezintsha zakamuva zobuchwepheshe nokuqonda izindlela abantu ababona ngayo izinto.

Izindawo okugxilwe kuzo

Uhlelo lwezokuphepha nokuvikela okwesekekile (PaSS)

Ukungabi nethemba okudalwa ukuguquka kwesimo sezulu, ubunzima obuphathelene nezemvelo, indlala nokushoda kokudla, izimbubhane, ukushoda okuqhubekayo kwezamandla namanzi, nendlela yokuguquka komsebenzi kunomthelela entuthukweni eqhubekayo. Ukuvikeleka komphakathi kubalulekile ukubhekana nezingozi abantu nomphakathi ababhekene nazo. Isibonelo, Umshwalense weZempilo kuZwelonke indlela yokuhlela kabusha ukufakwa kwezimali kwezempilo koguquko okubheka ukubhekana nokungabikho kobulungiswa komphakathi ngenxa yokuthola okungenele imisebenzi yezempilo esezingeni yiningi labantu baseNingizimu Afrika. Lokhu kungabikho kobulungiswa kufanele kuqondakale ngokugcwele bese kusungulwa izindlela zokungenelela ezakhelwe ebufakazini. Uhlelo lwezokuphepha nokuvikela okwesekekile luhlinzeka ukubona ngokujulile ebunjalweni balezi zinselelo nezindlela zokubhekana nazo ngempumelelo. Izingqikithi zocwaningo zibandakanya ukuvikeleka kwezomnotho nezepolitiki; ukuguquka kwesimo sezulu; ukudla; ukutholakala kwamanzi nezamandla, nokuvikeleka komphakathi.

Uhlelo lwentando yabantu, ukulawula nobusakhamuzi (DGC)

Lolu hlelo lusebenza nohulumeni, nezinhlangano eziqaphayo nemiphakathi ngokubanzi ukwenza ngcono nokuqinisa intando yabantu efaka wonke wonke ngocwaningo nokweseka kokuqalisa ukusebenza, ukugqugquzela ukwemukela indlela eyakhelwe kwizimiso entuthukweni, kugxilwe kuhulumeni wasekhaya othuthukayo nobuholi obukwazi ukuphendula ngokwenzekayo. Lubheka indawo lapho izinhlelo ezimbili zihlangana khona phakathi kokubusa, ubuhloli nobusakhamuzi njengesimo sokuxhumana kwezinto eziningi zokufaneleka kwenqubomgomo nokuba nomthelela kocwaningo. Izingqikithi zocwaningo zifaka ucwaningo oluphathelene nokhetho, ukuxhumana nokuzwana komphakathi nobusakhamuzi, ukulawula ezasekhaya, kanye nentando yabantu nenkolelo yokuthi igunya likahulumeni lihlonzwa umthethosisekelo.

Isikhungo socwaningo lwe-BRICS

Umsebenzi wocwaningo we-BRICS uhlanganisa ngokuyisu uhlelo lwezokuphepha nokuvikela okwesekekile nohlelo lwentando yabantu, ukubusa nobusakhamuzi ngokubhekana nezinto ezibalulekile eziphathelene nokukhula komnotho nokuthuthuka; ukuthula, ukuvikela nobudlelwano bamazwe omhlaba; ubulungiswa obuphathelene nomphakathi; ukuthuthuka okuqhubekayo nezinga lempilo; ukulawula kwezepolitiki nezomnotho; ulwazi nokuqhamuka nokusha. Lokhu kufaka ukusebenzisana ocwaningweni namazwe angamalungu e-BRICS, ohulumeni, umkhakha ozimele kanye nalabo abanomthelela nabanthintwa umphakathi ngokubanzi. Izingqikithi zocwaningo zifaka i-BRICS nesimiso sokubamba iqhaza yizinhlangothi eziningi, ubudlelwano beNingizimu neNingizimu, ukwesekeka nokulawula, nelungelo lokuthuthuka.

UKUFUNDA

Umbhalo wakamuva Wesimo Sezwe.

Uphiko i-Developmental, Capable and Ethical State luzibophezele embusweni lapho ukusebenzisa amandla kahulumeni kulawulwa kakhulu umthetho nempilo yentando yabantu eNingizimu Afrika, kanye nazo zonke izinto ezehlukene ezihambisana nakho. Sinothando olukhulu ngokuhlinzeka ubufakazi ukusiza ukweluleka nokukhuthaza inqubomgomo nokuhlinzeka ukweseka kokuqalisa ukusebenza njengowethembekile nokusetshenziswana naye nobandakanyekile ocwaningweni Ohlelweni Lukazwelonke Lokuqhamuka Nokusha.

~ Sol. Narnia Bohler Muller, Isikhulu Esiphezulu Sophiko

Incazelo emfishane yephrojekthi

- Uhlelo i-DCES lunamaphrojekthi ocwaningo amaningi okulindeleke ukuthi aqale. Uma esephelile, azokwenziwa ukuthi atholakale emphakathini nakulabo abanomthelela nabathintwa uhulumeni njengemiyalo yenqubomgomo. Umsebenzi omkhulu wenziwe neKhomishane Yezokhetho Ezimele, isibonelo ukulungiselela abavoti nezinhlolovo zokweneliseka zalo lonke ukhetho lukazwelonke nolomasipala.
- Ngaphakathi, uphiko lusebenzisana neSikhungo Somthelela ezintweni eziphathelene nohulumeni wasekhaya nezinkundla zokuxhumana komphakathi, ne-AISA ngephrojekthi yokutholakala kokudla ebanzi ye-HSRC, phakathi kokunye.
- Ngokusebenza ne-African Union Delopment Agency ne-Embassy yase-South Korea, iphrojekthi eyodwa ibheka ukwehlukana entuthukweni ephakathi kweNingizimu Afrika ne-South Korea; umsebenzi omkhulu futhi usuwenziwe namazwe e-BRICS.
- Amaphrojekthi amabili ocwaningo nezentuthuko achazwe ngokwesu nangokwesayensi ayinhlolovo yaminyaka yonke i-South African Social Attitudes Survey (SASAS) nesishicilelo sesimo sezwe i-State of the Nation (SON) esikhishwa njalo emva kweminyaka emibili.
    - i-SASAS inhlolovo emelwe kuzwelonke eselokhu yaqalwa ukwenziwa kusukela ngo-2003 Ihlinzeka isizathu esiyingqayizivele sesikhathi eside sejubane nokushintsha kwendlela yokubona ngandlela thile izinto komphakathi engabonakali Ngalokho, kuyithuluzi elibonakalayo lokuqapha izimiso eziguqukayo eziphathelene nomphakathi, ezomnotho kanye nezepolitiki phakathi kwabantu baseNingizimu Afrika, kodwa futhi likhombisa ukuba yilokho okusetshenziswayo okwethembisayo njengendlela yokulindela okuthile, noma yokuqagula engakhuthaza izinqubo zokuthatha izinqumo nokwenza izinqubomgomo. Inhlolovo ka-2021 izohlola futhi izindlela izakhamuzi ezicabanga ngayo ngoMshwalense weZempilo kaZwelonke.
    - I-SON, eyashicilelwa kusukela ngo-2003, isishicilelo lapho umbuyekezi nombhali befihliwe kubabuyekezi lapho sigxile khona ezihlokweni ezifanele zenhloso eyejwayelekile yesikhathi eside neqhubekayo umbuso nezwe abazibona beyisebenzela. Umbhalo ka-2018 ubugxile ebubheni nasekungalinganini: Ukuthola inkinga, ukuthola imbangela yayo nokubhekana nayo, kanti ingqikithi yombhalo olandelayo inkambiso yokulungileyo nezepolitiki eNingizimu Afrika ekulwisaneni nobubha nokungalingani. Lo mbhalo ubhekana nomkhakha wokukhiqiza nokuhweba nobudlelwano bakho nomthetho ofaka labo ababencishwe amathuba ngaphambilini/ okhipha labo ababencishwe amathuba ngaphambilini inyumbazane; uhlelo lokhetho; abesifazane nomhlaba; ubuholi nokuphendula ngokwenzekayo; izindlela eziphathelene nezimiso zendlela yokwenza ekuletheni umkhiqizo noma ekuhlinzekweni kwemisebenzi; iholo eliphansi elivunyelwe umthetho; ukukhokha intela; amalungelo aphathelene nomphakathi nezomnotho; ukuthi ungubani nempilonhle; isiko noguquko; nesimo samazwe omhlaba.